Government Gazette
Staatskoerant

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA
REPUBLIEK VAN SUID AFRIKA

Regulation Gazette	*No. 11428*	*Regulasiekoerant*
Vol. 682	22 April / April 2022	No. 46271

N.B. The Government Printing Works will not be held responsible for the quality of "Hard Copies" or "Electronic Files" submitted for publication purposes

ISSN 1682-5845

9 771682 584003 46271

AIDS HELPLINE: 0800-0123-22 Prevention is the cure

IMPORTANT NOTICE:

THE GOVERNMENT PRINTING WORKS WILL NOT BE HELD RESPONSIBLE FOR ANY ERRORS THAT MIGHT OCCUR DUE TO THE SUBMISSION OF INCOMPLETE / INCORRECT / ILLEGIBLE COPY.

NO FUTURE QUERIES WILL BE HANDLED IN CONNECTION WITH THE ABOVE.

Contents

No.		Gazette No.	Page No.
GOVERNMENT NOTICES • GOEWERMENTSKENNISGEWINGS			
Social Development, Department of / Maatskaplike Ontwikkeling, Departement van			
R. 2042	Social Assistance Act (13/2004), as amended: Regulations relating to Covid-19 social relief of distress issued in terms of section 32	46271	3

DEPARTMENT OF SOCIAL DEVELOPMENT

NO. R. 2042 **22 April 2022**

SOCIAL ASSISTANCE ACT, 2004: REGULATIONS RELATING TO COVID-19 SOCIAL RELIEF OF DISTRESS ISSUED IN TERMS OF SECTION 32, READ WITH SECTION 13, OF THE SOCIAL ASSISTANCE ACT, 2004 (ACT NO. 13 OF 2004), AS AMENDED AND WITH THE CONCURRENCE OF THE MINISTER OF FINANCE, MADE THE REGULATIONS IN THE SCHEDULE.

I, **Ms Lindiwe Zulu, MP**, the Minister of Social Development, in terms of section 32, read with section 13, of the Social Assistance Act, 2004 (Act No. 13 of 2004), as amended, hereby issue Regulations, as set out in the Schedule.

……
MS LINDIWE ZULU, MP
MINISTER OF SOCIAL DEVELOPMENT
DATE: 22/04/2022

ISAZISO SIKAHULUMENI

UMNYANGO WEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI

UMTHETHO WOSIZO LWEZENHLALAKAHLE ZOMPHAKATHI, WEZI-2004: IMITHETHONQUBO EPHATHELENE NESIBONELELO SENHLAKAHLE SOKULEKELELA ABAKHAHLAMENZWE I-COVID-19 OSHICILELWE NGOKWESIGABA SA-32 OFUNDWA KANYE NESIGABA SE-13, SOMTHETHO WOSIZO LWEZENHLALAKAHLE ZOMPHAKATHI, WEZI-2004 (UMTHETHO INO. 13 WEZI-2004), NJENGOBA UCHITSHIYELWE NGOKUVUMELANA NONQONGQOSHE WEZEZIMALI, WAKHA IMITHETHONQUBO EKUSHEDULI.

Mina, Nksz. Lindiwe Zulu, iLungu lePhalamende, uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, ngokwesigaba sa-32, ofundwa kanye nesigaba se-13, soMthetho Wosizo Lwezenhlalakahle, wezi-2004 (uMthetho iNo. 13 wezi-2004), njengoba uchitshiyelwe, ngikhipha iMithethonqubo, njengoba ibekiwe kwisheduli.

……
NKSZ. LINDIWE ZULU, ILUNGA LEPHALAMENDE
UNGQONGQOSHE WOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI
USUKU: 22/04/2022

SCHEDULE

Definitions

1. In these Regulations any word or expression to which a meaning has been assigned in the Act or the 2008 Regulations, bears the same meaning, unless the context indicate otherwise or defined in these Regulations, and—

"asylum seeker" means a person referred to in section 1 of the Refugees Act, 1998 (Act No. 130 of 1998);
"**electronic platform"** means an electronic platform as designed and determined by the Agency and the Department for the application for the Covid-19 Social Relief of Distress and any appeal related thereto;
"insufficient means" means that a person is not in receipt of income or financial support;
"Covid-19 Social Relief of Distress" means the social relief of distress contemplated in regulation 2;
"the Act" means the Social Assistance Act, 2004 (Act No. 13 of 2004), as amended;
"the 2008 Regulations" means the Regulations relating to the application for and payment of social assistance and the requirements or conditions in respect of eligibility for social assistance, published by Government Notice No. R. 898 of 2008, as amended.

ISHEDULI

Izincanzelo

1. Kule Mithethonqubo noma yiliphi igama noma isisho esinikezwe incazelo eMthethweni noma kwiMithethonqubo ka-2008, linencazelo efanayo, ngaphandle uma ingqikithi isho okuhlukile noma ichazwe kule Mithethonqubo, futhi—

"ocela ukukhoseliswa" kuchazwa umuntu okukhulunywa ngaye esigabeni soku-1 soMthetho wababaleki, 1998 (uMthetho No. 130 we-1998)**;**
"inkundla yobuchwepheshe bokuxhumana" ichaza inkundla yobuchwepheshe bokuxhumana eklanywe futhi yanqunywa yisiKhungo kanye noMnyango ukuze kufakwe izicelo zesSibonelelo senhlalakahle sokulekelela abakhahlanyezwe i-Covid-19 kanye nanoma yisiphi isikhalo esihlobene nalokho;
" izindlela ezinganele zokuziphilisa" kuchaza ukuthi umuntu akasebenzi noma akanalo uxhaso lwezimali;
"Isibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19" kuchaza isibonelelo senhlalakahle sokulekelela Abakhahlanyezwe ehlongozwe kumthethonqubo 2
"uMthetho" uchaza uMthetho Wosizo Lwezenhlalakahle, wezi-2004 (uMthetho No. 13 wezi-2004), njengoba uchitshiyelwe

"iMithethonqubo ka-2008" ichaza iMithethonqubo ephathelene nokufaka isicelo kanye nokukhokhwa kwemali yosizo lwezenhlalakahle kanye nezidingo noma izimo maqondana nokufanelekela ukuthola usizo lwezenhlalakahle, eshicilelwe yiSaziso sikaHulumeni No. R. 898 ka-2008, njengoba kuchitshiyelwe.

Persons eligible for Covid-19 Social Relief of Distress

2.(1) Subject to section 5, read with section 13 of the Act, a person in need of temporary assistance, may qualify for the social relief of distress called the Covid-19 Social Relief of Distress if he or she is a person with insufficient means.

(2) For the purpose of subregulation (1), the person with insufficient means must in addition be-

(a) a person who is-
  (i) a South African citizen; or
  (ii) a permanent resident; or
  (iii) a refugee; or
  (iv) a holder of a special permit under the Special Angolan Dispensation, the Lesotho Exemption Permit Dispensation or the Zimbabwe Exemption Permit Dispensation; or
  (v) an asylum seeker, whose section 22 permit or visa is valid; and
(b) registered on the Department of Home Affairs database or registered on the Agency's social grant database with a unique system generated identifying number for people without identity documents; and
(c) between the ages of 18 and 60; and
(d) currently residing within the borders of South Africa;
(e) not a resident in a government funded or subsidised institution; and
(f) not unreasonably refuse to accept employment or educational opportunities.

(3) For the purpose of validating insufficient means, the Agency may use-

(a) a declaration from the applicant attesting to such; and
(b) a screening questionnaire; and
(c) a proxy means test consisting of—
  (i) checks against databases that may indicate income or alternative financial assistance; and
  (ii) verification of insufficient means with banks.

(4) If the results from the bank verification referred in subregulation (3)(c)(ii) contradicts the results from the data checks referred to in subregulation (3)(c)(i), the results from the bank verification must be used to make the final determination.

(5) The income threshold for insufficient means, contemplated in this regulation, is R350 per person per month.

(6) If a person has more than one bank account, the criteria for insufficient means is deemed to have been met if all the bank accounts, assessed individually, are below the income threshold referred to in subregulation (3).

(7) A person is not entitled to a social grant for himself or herself and Covid-19 Social Relief of Distress simultaneously.

(8) If a person has received both the Covid-19 Social Relief of Distress and a social grant for himself or herself for the same period, the value paid for

the Covid-19 Social Relief of Distress must be recovered from any payment from a social grant t, including an arrear payment.

(9) The amount of social relief of distress paid to a person or a representative of a household affected by a disaster in terms of regulation 9(5) of the 2008 Regulations, may not be recovered from the Covid-19 Social Relief of Distress.

(10) The Agency may determine the most suitable method for disbursing the Covid-19 Social Relief of Distress and may amend such method from time to time, as required.

(11) All payments in terms of this regulation are subject to available funds for the Covid-19 Social Relief of Distress and the Agency may limit disbursements when funds are depleted.

Abantu abafanelekela usizo lweSibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19

2.(1) Ngokuya ngesigaba sesi-5, funda nesigaba se- 13 soMthetho, umuntu odinga usizo lwesikhashana, angase afanelekele usizo lwezenhlalakahle olubizwa ngesibonelelo senhlalakahle sokulekelela **abakhahlanyezwe i-Covid-19** i-Covid-19 uma engumuntu ongenayo indlela eyanele yokuthola imali.

(2) Ngenhloso yesigatshana somthethonqubo (1), umuntu onendlela enganele kumele abe-

(a) umuntu -
  (i) isakhamuzi saseNingizimu Afrika; noma
  (ii) isakhamuzi unomphela; noma
  (iii) umbaleki; noma
  (iv) ophethe iphemithi eyisipesheli ngaphansi koHlelo Olukhethekile Lase-Angola, Ukunikezwa Kwemvume Yokukhululeka kwabase Lesotho noma Ukunikezwa Kwemvume Yokukhululeka kwabase Zimbabwe; noma
  (v) ocela ukukhoseliswa, onemvume yesigaba 22 noma i-visa esebenzayo; futhi
(b) obhaliswe kusizindalwazi soMnyango Wezasekhaya noma obhaliswe kusizindalwazi sesiKhungo sesibonelelo sikahulumeni ngohlelo oluyingqayizivele olunikeza izinombolo ezikhomba abantu abangenabo omazisi; futhi
(c) abaphakathi kweminyaka eyi-18 nengama-60; futhi
(d) abahlala ngaphakathi kwemingcele yeNingizimu Afrika;
(e) ongeyena umhlali esikhungweni esixhaswe nguhulumeni noma esilekelelwa nguhulumeni; futhi
(f) ongenqabi ngokungafanele ukwamukela umsebenzi noma amathuba emfundo.

(3) Ngenhloso yokuqinisekisa ukungasebenzi, IsiKhungo singasebenzisa-

(a) isiqinisekiso ngonogoqela ephepheni ovela kumfakisicelo efakazela lokho; kanye
(b) nohlu lwemibuzo lokuhlola; kanye
(c) umbambeli osho ukuhlolwa okuhlanganisa—
  (i) ukuhlola ngokuqhathanisa nesizindalwazi esingabonisa imali engenayo noma olunye usizo lwezezimali; futhi

(ii) ukuqinisekiswa kwezindlela ezinganele zokuziphilisa emabhange.

(4) Uma imiphumela yokuqinisekiswa kwebhange okukhulunywe ngakho kusigatshana somthethonqubo (3)(c)(ii) iphikisana nemiphumela yokuhlolwa kwemininingwane okukhulunywe ngakho kwisigatshana somthethonqubo (3)(c)(i), imiphumela yokuqinisekiswa kwebhange kufanele kusetshenziselwe ukwenza isinqumo sokugcina.

(5) Imali yoxhaso yezindlela ezinganele zokuziphilisa, ehlongozwe kulo mthethonqubo, ingu-R350 umuntu ngamunye ngenyanga.

(6) Uma umuntu enama-akhawunti asebhange angaphezu kweyodwa, imibandela yezindlela ezinganele zokuziphilisa ithathwa ngokuthi ifinyelelwe uma wonke ama-akhawunti asebhange, ahlolwa ngawodwana, engaphansi komkhawulo wemali engenayo okukhulunywe ngawo kusigatshana somthethonqubo (3).

(7) Umuntu akanalungelo lokuthola isibonelelo sikahulumeni kanye neSibonelelo Senhlalakahle sokulekelela abakhahlanyezwe i-Covid-19.

(8) Uma umuntu ethole kokubili Isibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19 kanye nesibonelelo sikahulumeni sakhe ngesikhathi esifanayo, inani elikhokhelwe Isibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19 kufanele libuyiswe kunoma iyiphi inkokhelo yesibonelelo sikahulumeni, okuhlanganisa inkokhelo esilele emuva.

(9) Inani losizo lwezenhlalakahle olukhokhelwa umuntu noma omele umndeni ohlaselwe yinhlekelele ngokomthethonqubo 9(5) weMithethonqubo ka-2008, akufanele ithathwe kwisibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19.

(10) IsiKhungo singase sinqume indlela efaneleke kakhulu yokukhokha Isibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19 futhi singachibiyela leyo ndlela ngezikhathi ezithile, njengoba kudingeka.

(11) Zonke izinkokhelo ngokwalo mthethonqubo zingaphansi kwezimali ezitholakalayo zeSibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezw i-Covid-19 futhi IsiKhungo singase silinganisele ukukhishwa kwemali lapho izimali seziphelile.

Procedure for application for Covid Social Relief of Distress

3.(1) A person may apply for the Covid-19 Social Relief of Distress if the person complies with the criteria set out in regulation 2.

(2) An application for the Covid-19 Social Relief of Distress must be lodged on the electronic platform.

(3) The Agency must, before the end of the month, approve or reject all applications for the Covid-19 Social Relief of Distress received before the 15th of the month

(4) The applicant for the Covid-19 Social Relief of Distress must be furnished with an electronic receipt or notification of outcome for the application .

(5) If an application for the Covid-19 Social Relief of Distress is approved, the Agency must inform the applicant by electronic communication or any other means of communication of such approval.

(6) If an application for the Covid-19 Social Relief of Distress is rejected, the Agency must inform the applicant by electronic communication of such rejection and of—

(a) the reasons for such rejection;
(b) the applicant's right, if he or she disagrees with the Agency's decision, to lodge an appeal with the Independent Tribunal as provided in regulation 6.

(7) The Agency must keep a register of all applications for the Covid-19 Social Relief of Distress in which the following must, if applicable be recorded:

(a) Identifying particulars;
(b) the date of application;
(c) the date on which the application is approved or rejected; and
(d) payments made.

(8) The Agency must ensure that all personal information received for the Covid-19 Social Relief of Distress are processed, stored and protected in terms of the Protection of Personal Information Act, 2013 (Act No. 4 of 2013) and the Electronic Communications and Transactions Act, 2002 (Act No. 25 of 2002).

Inqubo yokufaka isicelo Sesibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19

3.(1) Umuntu angafaka isicelo seSibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19 uma lowo muntu ethobela imibandela ebekwe kumthethonqubo wesi-2.

(2) Isicelo Sesibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19 kufanele sifakwe ngenkundla yobuchwepheshe bokuxhumana

(3) IsiKhungo kumele, ngaphambi kokuphela kwenyanga, sivume noma senqabe zonke izicelo Zesibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19 ezitholwe ngaphambi komhla ziyi-15 enyangeni.

(4) Umfakisicelo Sesibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe-i-Covid-19 kufanele anikezwe irisidi ye-elekthronikhi noma isaziso somphumela wesicelo.

(5) Uma isicelo Sesibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19 sivunyiwe, IsiKhungo kufanele sazise umfakisicelo ngenkundla yokuxhumana yobuchwepheshe besimanje noma nganoma iyiphi enye indlela yokuxhumana ngokwamukelwa kwesicelo.

(6) Uma isicelo Sesibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19 sinqatshwa, IsiKhungo kufanele sazise umfakisicelo ngenkundla yokuxhumana yobuchwepheshe besimanje ngalokho kunqatshwa futhi—

(a) sinikeze izizathu zokwenqatshwa okunjalo;
(b) kuyilungelo lomfakisicelo, uma engavumelani nesinqumo sesiKhungo, ukufaka isikhalo kwisiGungu Esizimele-(Independent Tribunal) njengoba kuhlinzekwe kumthethonqubo wesi-6.

(7) IsiKhungo kufanele sigcine irejista yazo zonke izicelo Zesibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19 lokhu okulandelayo kumele, uma kufanele kubhalwe phansi:

(a) Ukuhlonza imininingwane;
(b) usuku lokufaka isicelo;
(c) usuku lapho isicelo sivunywa noma senqatshwa; kanye nosuku
(d) izinkokhelo ezenziwe ngalo.

(8) IsiKhungo kufanele siqinisekise ukuthi yonke imininingwane yomuntu siqu etholwe ngesicela Sesibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19 iyacutshungulwa, igcinwe futhi ivikelwe ngokoMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lomuntu Siqu, wezi-2013 (uMthetho No.4

wezi- 2002) kanye noMthetho Wezokuxhumana Ngobucwepheshe besimanje Nokuthengiselana wezi-2002 (uMthetho No. 25 ka-2002).

Date of application and consent by applicant to information sharing

4.(1) The date on which a complete application for the Covid-19 Social Relief of Distress is submitted, is deemed to be the date on which the application is lodged.

(2) By virtue of application for the Covid-19 Social Relief of Distress, an applicant consents to the Agency or the Independent Tribunal, when necessary, to process, including collecting, verifying, using and disclosing the information of the applicant, including his or her identity, residency, sources of income, social security benefits or any other information required to assess an application with—

(a) the Department of Home Affairs;
(b) social security institutions;
(c) financial institutions; and
(d) any other government or private institution considered necessary.

(3) By virtue of application for the Covid-19 Social Relief of Distress, an applicant consents that any institution listed in subregulation (2)(a) to (d) discloses information requested in terms of subregulation (2) to the Agency or the Independent Tribunal.

Usuku lokufaka isicelo kanye nemvume yomfakisicelo yokwabelana ngolwazi

4.(1) Usuku okufakwe ngalo isicelo esiphelele Sesibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19, luthathwa njengosuku isicelo esifakwe ngalo.

(2) Ngenxa yokufaka isicelo Sesibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19, umfakisicelo uvumela isiKhungo noma isiGungu Esizimele, uma kunesidingo, ukuthi icubungule, okuhlanganisa ukuqoqa, ukuqinisekisa, ukusebenzisa nokudalula ulwazi lomfakisicelo, kuhlanganisa nomazisi wakhe, indawo yokuhlala, imithombo yemali engenayo, izibonelelo zomphakathi nanoma yiluphi olunye ulwazi oludingekayo ukuze kuhlolwe isicelo kuleminyango—

(e) uMnyango Wezasekhaya;
(f) izikhungo zokubhekelelwa komphakathi;
(g) izikhungo zezimali; kanye
(h) noma yisiphi esinye isikhungo sikahulumeni noma esizimele esibhekwa njengesibalulekile.

(3) Ngenxa yokufaka isicelo Sesibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19, umfakisicelo uvumela noma isiphi isikhungo esisohlwini loMthethonqubo (2)(a) kuya (d) ukuba sidalule ulwazi oluceliwe ngokwesigatshana somthethonqubo (2) kusiKhungo noma kusiGungu Esizimele.

Amount and period of payment

5.(1) The monthly amount of the Covid-19 Social Relief of Distress is R350 per person and is payable for the months in the period 1 April 2022 to 31 March 2023.

(2) The Covid-19 Social Relief of Distress may not be paid to a person for a period exceeding three successive months at a time, without confirmation that the person still meets the criteria set out in regulation 2, and may be extended for further periods not exceeding three months at a time.

(3) The payments in terms of these regulations-

(a) are limited to the amount appropriated for the 2022/2023 financial year to the vote of Social Development for social relief of distress; and

(b) may only be made in respect of applications, made during the period 1 April 2022 to 31 March 2023, and approved by the Agency.

(4) Notwithstanding subregulation (3), payments may be made in a subsequent period for an application or an appeal lodged within the timeframes provided for in these regulations, and subject to funds being available.

Inani nesikhathi senkokhelo

5.(1) Imali yanyanga zonke yesibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19 ingu-R350 kumuntu ngamunye futhi izokhokhwa izinyanga kusukela mhla lu-1 kuMbasa/Ephreli wezi-2022 kuya zingama-31 kuNdasa/Mashi wezi-2023.

(2) Isibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19 angeke ikhokhelwe umuntu isikhathi esingaphezu kwezinyanga ezintathu zilandelana ngesikhathi, ngaphandle kwesiqinisekiso sokuthi lowo muntu usahlangabezana nemibandela ebekwe kumthethonqubo wesi-2, futhi kufanelekile ukuba yelulelwe esinye isikhathi esengeziwe kepha ingeqi izinyanga ezintathu ngesikhathi.

(3) Izinkokhelo ngokwale mithethonqubo-

(a) zilinganiselwe enanini lemali elabelwe unyaka wezimali wezi-2022/2023 evotini Lokuthuthukiswa Komphakathi ukuze kusizwe Abakhahlanyezwe; futhi

(b) zingenziwa kuphela mayelana nezicelo, ezenziwe phakathi nesikhathi somhla lu-1 kuMbasa/Ephreli wezi-2022 kuya zingama-31 kuNdasa/Mashi wezi-2023, futhi zagunyazwa isiKhungo.

(4) Naphezu kwesigatshana somthethonqubo (3), izinkokhelo zingenziwa ngesikhathi esilandelayo zesicelo noma isikhalazo esifakwe phakathi nezikhathi ezishiwo kule mithethonqubo, futhi kuye ngokuthi izimali zitholakala kanjani.

Appeal against decision of Agency

6. Notwithstanding the regulations governing appeals as contemplated in section 14(3)(b)(iii) and section 18 of the Act, the appeal process for the Covid-19 Social Relief of Distress is as follows:

(a) If an applicant disagrees with the decision of the Agency in relation to an application for the Covid-19 Social Relief of Distress contemplated in

regulation 3(1), the applicant or a person acting on his or her behalf may, within a period not exceeding 90 days of the date of the decision, lodge an appeal on the electronic platform;

(b) the Minister must appoint such number of persons as members of the Independent Tribunal as may be necessary to consider and decide on the appeals regarding the Covid-19 Social Relief of Distress;

(c) when lodging an appeal, the applicant or the person acting on his or her behalf may not submit any evidence or information which was not provided to the Agency at the time of the application;

(d) the Independent Tribunal must consider the appeal by reassessing the decision of the Agency against the available information at its disposal and has the powers to either confirm or set aside the decision of the Agency;

(e) the Independent Tribunal must finalise the appeal within 90 days from the date on which the appeal was received by the Independent Tribunal and must inform the applicant by electronic communication of the decision and reasons thereof;

(f) no appeal will be considered by the Independent Tribunal, if not submitted within the period of 90 days contemplated in paragraph (a).

Isikhalazo esiphikisana nesinqumo Sesikhungo

6. Ngaphandle kwemithethonqubo elawula ukudluliswa kwezikhalazo njengoba kuhlongozwe esigabeni 14(3)(b)(iii) kanye nesigaba 18 soMthetho, inqubo yesikhalazo Yesibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19 imi kanje:

(a) Uma umfakisicelo engavumelani nesinqumo sesiKhungo maqondana nesicelo Sesibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19 esihlongozwe kumthethonqubo wesi-3(1), umfakisicelo noma umuntu omele yena angakwazi, esikhathini esingeqile izinsuku ezingama-90 zosuku lwesinqumo, ukufaka isikhalazo Enkundleni yobuchwepheshe bokuxhumana;

(b) uNgqongqoshe kufanele aqoke inani labantu abazoba amalungu esiGungu Esizimele njengoba kungase kudingeke ukuthi kucutshungulwe futhi kuthathwe izinqumo mayelana nezikhalazo eziphathelene neSibonelelo Senhlalakahle Sokulekelela Abakhahlanyezwe i-Covid-19

(c) lapho ufaka isikhalo, umfakisicelo noma umuntu omele yena angeke akwazi ukulethe ubufakazi noma ulwazi olwalunganikezwanga eSikhungweni ngesikhathi sokufaka isicelo;

(d) IsiGungu esiZimele kufanele sicubungule isikhalazo ngokubuyekeza isinqumo sesiKhungo ngokubheka ulwazi olutholakalayo esinalo futhi sinamandla okuqinisekisa noma okubekela eceleni isinqumo sesiKhungo;

(e) IsiGungu esiZimele kufanele siphothule isikhalazo zingakapheli izinsuku ezingama-90 kusukela ngosuku isikhalazo esamukelwe ngalo yisiGungu Esizimele futhi kufanele sazise umfakisicelo ngokundla yobuchwepheshe bokuxhumana besimanje ngesinqumo nezizathu zaso;

(f) akukho sikhalazo esiyocutshungulwa yisiGungu Esizimele, uma singathunyelwanga phakathi nesikhathi esiyizinsuku ezingama-90 esihlongozwe endimeni (a).

Commencement

7. These Regulations take effect on the date of publication of this notice in the Gazette.

Ukuqala

7. Le Mithethonqubo iqala ukusebenza ngosuku lokushicilelwa kwalesi saziso kuGazethi.

Printed by and obtainable from the Government Printer, Bosman Street, Private Bag X85, Pretoria, 0001
Contact Centre Tel: 012-748 6200. eMail: info.egazette@gpw.gov.za
Publications: Tel: (012) 748 6053, 748 6061, 748 6065

This gazette is also available free online at **www.gpwonline.co.za**